

## Ukukhetha Esikwenzayo



---

### ISABATHA EMINI

#### Funda Kuleliviki:

Efes. 1:1–4; Mat. 22:35–37; Mat. 7:24, 25; IZaga 18:24; 1 Kor. 15:33; Mshum. 2:1–11.

#### Indimana Yekhanda:

“Uma kukubi emehlweni enu ukumkhonza uJehova, khethani namuhla ukuthi ngubani eniyakumkhonza, noma onkulunkulu ababakhonzayo oyihlo besengaphesheya koMfula, noma onkulunkulu bama-Amori enihlala ezweni lawo; kepha mina nendlu yami siyakumkhonza uJehova” (Joshuwa 24:15, NKJV).

**U**suke waqaphela ukuthi impilo igcwele izinqumo na? Empeleni, othile angsho ngezindlela eziningi ukuthi, esikwenza usuku lonke, kusukela ngesikhathi sivuka size sibuyele embhedeni, ngukukhetha. Senza izinqumo eziningi kangankokuba asicabangi ngazo. Simane sizenze nje.

Ezinye izinqumo zilula futhi ziba ngumkhuba, ngenkathi ezinye ziguqula impilo futhi ziba nemiphumela yaphakade, hhayi kithina kuphela kepha nakwimindeni yethu. Yingakho, kubucayi ukuba sicabangisise ngezinqumo zethu, ikakhulu lezo ezinkulu, lezo ezingathinta thina nemindeni yethu impilo yethu yonke kanye neyamalungu emindeni yethu, ngokufanayo. Bangaki kithina, kuze kube namuhla, abasazisola ngezinqumo abazenzile na? Bangaki, kuze kube namuhla, abaphila nenhlekele yezinqumo ezingalungile ezenziwa kudala na? Ngenhlanhla, kukhona intethelelo. Kukhona ukuhlengwa, kukhona ukuphulukiswa, nakwizinqumo ezimbi kunazo zonke. Kuleliviki, sizobuka kabanzi umbuzo omayelana nezinqumo esizenzayo, indlela okumele sizenze ngayo, indlela lezizinqumo ezithinta ngayo thina nemindeni yethu.

*\*Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha lika-April 13.*

## Intando Yakho, Ukuzikhethela

Amanye amaKristu akholwa ukuthi uNkulunkulu usenqumile, nangaphambi kokuba umuntu azalwe, ukuthi lowo muntu uzosindiswa noma cha. Okungukuthi, labo Ekugcineni abazolahlwa ingunaphakade balahlwa ngoba uNkulunkulu, ngokuhlakanipha Kwakhe (kubanga lemfundiso) wathathela lowomuntu isinqumo sokuba alahlwe. Okuchaza ukuthi, ke, noma ngabe izinqumo zabo zinjani, lowomuntu uzolahlwa. Ngenhlanhla, njengama-*Seventh-day Adventist*, asihambisani naleyomfundiso. Kunalokho, sikholwa ngukuthi uNkulunkulu usikhethele sonke ukuba sisindiswe, futhi nangaphambi kokuba izwe libekhona, sasikhethelwe Kuye ukuba sibe nokuphila okuphakade.

**Funda abasEfesu 1:1–4; Titu 1:1, 2; no2 Timothewu 1:8, 9. Lezizindimana Zisitshelani mayelana nokukhethwa nguNkulunkulu nokuthi sakhethwa nini na?**

---



---

Nakuba zimmnandi kangakani lezizindaba, abanye abantu bazolahlwa (Mat. 25:41). Futhi Lokhu kungenxa yokuthi, nakuba uNkulunkulu esikhethe sonke, unikeze isintu isipho esikhethekile kunazonke, leso sentando yaso, nokuzinqumela.

**UMatthewu 22:35–37 usifundisani ngentando yethu na?**

---



---

INkosi ayisiphoqi ukuba siyithande. Uthando, ukuze lube wuthando, kumele lunikezwe ngenkululeko. Ngezindlela eziningi, othile angasho ukuthi iBhayibheli liyindaba kaNkulunkulu efinelela kubantu abalahlekile futhi efuna, ngaphandle kokuphoqa, ukuzuzela Kuye izinhliziyi zabo. Leliqiniso lingabonakala kahle kakhulu empilweni nasekusebenzeni kukaJesu, nangendlela abantu—ngokwentando yabo—abaphendula ngayo Kuye. Abanye badonseleka Kuye; abanye babemfuna efile. Yebo, uNkulunkulu usikhethele ukusindiswa, kodwa, Ekugcineni, kumele thina senze isinqumo sokwamukela lolosindiso. Akubuzwa ngokuthi kuzozonke izinqumo okumele sizenze, leso esokukhonza uNkulunkulu, kunazonke, sinomphumele omkhulu kithina nakulabo abathintekayo (njengamalungu emindeni yethu aseduze) ngempilo kanye nezinqumo esizenzayo.

# Ukwenza Izinqumo Ezilungileyo

Sonke siyakwazi ukubaluleka kwezinqumo esizenzayo. Futhi sonke siyazi, futhi, indlela Izinqumo ezingalungile ezithinta kabi ngayo izimpilo zethu kanye nezabanye. Umbuzo yilo, Singakwazi kanjani Ukwenza Izinqumo Ezilungileyo na?

**Izahluko ezilandelayo zisnikeza izinyathelo ezijwayelekile ezingasisiza emshikashikeni wethu wokwenza Izinqumo Ezilungileyo. Yiziphi lezinyathelo na?**

1.1 Thes. 5:17, Jakobe 1:5

---

2. Isa. 1:19, Mat. 7:24, 25

---

3. Hub. 119:105, 2 Tim.3:16

---

4. Zaga. 3:5, 6; Isa. 58:11

---

5. Zaga. 15:22, 24:6

---

Kuso sonke isinqumo esibalulekileyo esizenzayo, kusemqoka kakhulu ukuba siye kuJehova ngomkhuleko, ukuze siqinisekise ukuthi asiyukwenza sinqumo esizosiholela ekwepfuleni umthetho kaNkulunkulu nganoma iyiphi indlela, noma izimiso zeZwi Lakhe. Kusemqoka ukuba sithembele kuNkulunkulu, ukuba sinikele isinqumo sethu Kuye; okungukuthi, kumele sikhulekele ukuba Izinqumo esizenzayo zilethe udumo Kuye nokuthi sikulungele ukunikela izinkanuko zethu uma ziphambene necebo Lakhe ngezimpilo zethu. Izikhathi eziningi, futhi, abeluleki abaphusile bangaba wusizo olukhulu lapho sifuna Ukwenza Izinqumo. Ekugcineni, singaba nesiqiniseko esikhulu ekwazini ukuthi uNkulunkulu uyasithanda futhi usifunela okuhle kunakho konke, nokuthi uma thina ngokukholwa nokuzithoba sizinikela izimpilo zethu Kuye, singahamba ngokholo ezinqumeni esizenzayo.

**Uzenza kanjani Izinqumo ezinkulu empilweni yakho na? Yiziphi, uma zikhona, izinyathelo ozithathayo ekufuneni Ukwenza lezinqumo na?**

## Ukukhetha Abangani

Esinye sezinqumo esibaluleke kunazo zonke esiyoke sizenze yilesa sabangani. Izikhathi eziningi asisuki siyokwenza ubungani; imvamisa ubungani buyazenzekela lapho sichitha isikhathi nabantu abathakasela izinto ezifana nezethu.

**Yiziphi izimiso ekukhetheni abangani esizithola kulezizindimana na? Izaga 12:26; 17:17; 18:24; 22:24, 25.**

---

Izaga 18:24 zithi uma sifuna ukuba nabangani kumele sibenobungani. Ngezinye izikhathi abantu bazithola bebodwa, kodwa ubumuncu babo, umoya wabo omubi yikona okuxosha abantu. “Nabangcono kakhulu kithina banazo lezizimpawu ezingathandeki; futhi ekukhetheni abangani kumele sikhetho labo abangeke baqhele kithina uma bebona ukuthi asiphelele. Ukubekezelelana kuyadingeka. Kumele sithandane futhi sihloniphane yize kunezibazi nokungapheleli esikubonayo; ngokuba Lokhu kunguMoya kaKristu. Ukuzithoba kanye nokungazethembi kumele kuchunyiswe, kanye nobumnene obubekezelela izibazi zabanye. Lokhu kuzobulala umhobholo futhi kusenze sivuleleke futhi siphane.”—Ellen G. White, *Pastoral Ministry*, p. 95.

Ezinye zezindaba ezaziwa kakhulu zobungani yileyo yobungani obabuphakathi kukaDavide no-Jonathan. Ukube uSawule, inkosi yokuqala kaIsrayeli nowayengubaba ka-Jonathan, wayethembikile futhi elalela, umbuso wakhe wawuzoba ngowezizukululwane eziningi, futhi u-Jonathan wayeyoba yinkosi emuva kwakhe. Lapho uSawule ebonisa ukungafaneleki obizweni lwakhe, uNkulunkulu wakhetha uDavide njengenkosi entsha yakwaIsrayeli, ngalokho, kwenza u-Jonathan angafaneleki kulokho okwakumele kube ngokwakhe. Lapha sinesibonelo esinamandla sokuthi Izinqumo ezingalungile zelungu elilodwa lomndeni (uSawule) zathinta elinye ilungu lomndeni (u-Jonathan). Kepha u-Jonathan akazange azonde noma abenomhawu ngakuDavide. Kunalokho, wakhetha ukuba alekelele uDavide ngokumvikela olakeni lukayise, uSawule. “Umoya kaJonathani wanamathela nomoya kaDavide, uJonathani wamthanda njengehliziyo yakhe” (1 Sam. 18:1, NKJV). Yisibonelo esikhulu lesi sobungani.

---

**“Ningakhohliseki: ‘ukujwayelana nababi konakalisa ukuziphatha okuhle’” (1 Kor. 15:33, NKJV). Abe yini amava akho nabangani, nalabo abengahlosile ukukulimaza kepha bagcina bekulimazile ngendlela ethile na? Ukukhetha okungalungile kwabangani kungabulimaza kanjani ubudlelwane bemindeni na?**

## Ukukhetha Umlingani

Uma kumele ukhethe abangani bakho ngokuqikelela, kumele uqikelele kakhulu lapho kumele ukhethe lowo ozoba ngumkakho noma umyeni wakho. UAdamu wabusiwa ngokuthi uNkulunkulu wamakhela umlingani ngezandla Zakhe futhi emakha ngaye. Ukukhetha kukaAdamu kwakulula ngokuthi uEva kwangeyena nje owesifazane okungukuphela kwakhe, kepha wayengopheleleyo. Thina abanye kunobunzinyana, njengoba engekho kithina opheleleyo futhi baningi abantu okumele sikhetho phakathi kwabo. Ngenxa yokuthi lesisinqumo sisemqoka kakhulu, uNkulunkulu akasishiyanga ngaphandle kwezululeko kulomkhakha wezimpilo zethu. Ngaphandle kwazo zonke izinyathelo ezisemqoka esizibukile ngoMsombuluko, kukhona eziqonde ngqo okumele sizilande kulo lonke udaba lomshado (sizobuka lonke udaba lomshado esifundweni 6). Nembala, ngale kwesinqumo sokukhona uNkulunkulu, udaba lokukhetha umlingani luyoba ngasosonke isikhathi yilona olunemiphumela ezimpilweni zethu.

**Yiziphi izeluleko ezivamile ezitholakala ezahlukweni ezilandelayo okumele zisetshenziswe lapho othile efuna umlingani olungile wokumshada na? Hub. 37:27, 119:97, 1 Kor. 15:33, Jakobe 1:23–25.**

---



---



---



---

Ngaphandle kokufuna umuntu olungileyo wokumshada, yiba ngolungileyo wena kuqala. “Ngakho-ke konke nokungakanani enifuna ukuba abantu bakwenze kini, kwenzeni nani kanjalo kubo; ngokuba lokhu kungumthetho nabaprofethi” (Mat. 7:12, NKJV). Othile angathola othile ongaba ngumlingani omuhle kakhulu onazo zonke izimpawu azifunayo, kodwa uma lowo ofuna izipawu ezinhle komunye esilele lezozimpawu kuye, kuyoqubuka izinkinga. Lokhu akuyona into entsha, futhi ngokuqinisekileyo akubonakali nje kuphela emshadweni kepha nasekuphileni nje. UPawule uchitha isikhathi esiningi ekuqaleni kwencwadi yabaseRoma ekhuluma nalabo abagweba abanye ngokwenza lokho bona, abakugweba kwabanye, abanecala lakho. Noma, njengalokhu uJesu asho: “Ubhekeleni ucezwana olusesweni lomfowenu, kepha ugongolo olusesweni lakho awuluboni, na?” (Mat. 7:3, NKJV).

**Uvame kangakani ukufisa sengathiabanye (mhlawumbe umlingani wakho) bebenezimpawu wena osilele kuzo na? Cabanga ngalokho.**

## Ukukhetha Inkambo

Esikhathini esithile, kumele senze isinqumo ngalokho esifuna ukukwenza ngezimpilo zethu mayelana nemisebenzi. Ngaphandle kokuba libe ngabacebile noma lisebenzela ekhaya ngokuphelele linakekela indlu kanye nomndeni (okuyiwona msebenzi ohlonipheke kunayo yonke), iningi labantu kumele likhethe indlela yokwenza inzuzo. Nembala, sonke siphila ezimweni ezithile ngendlela ethile, ezikwazi ukufinyeza ukukhetha kwethu mayelana nemisebenzi. Kodwa noma kukwesiphi isimo esiphila kuso, singenza Izingqumo mayelana nemisebenzi yethu okungathi, ikakhulu ngokwengqikithi yokwazi ukuthi sinensindiso kuJesu Kristu, isinikeze inhloso ezimpilweni zethu. Kafushane nje, noma yini esiyenzayo, singayenzela udumo lukaNkulunkulu.

**Yiliphi iphutha elenziwa nguSolomoni, futhi singaqaphela kanjani ukuba singenzi okufanayo na? Mshum. 2:1–11.**

---



---

Asidingile ukuba sicebe ukuze sibhajwe kunoxhaka ofana nalo owabamba uSolomoni. “Ngokuba ukuthanda imali kuyimpande yakho konke okubi; abanye ngokuyifisa badukelwa ukukholwa, bazigwaza ngeminjunju eminingi” (1 Tim. 6:10, NKJV). Othile angaba mpofu futhi athande imali njengalowo ocebileyo. Yebo, kuyadingeka sibe nemali, kodwa nakuba senzani noma sithola imali engakanani, akudingekile ukuba senze ukugijimisa imali isithixo. Imindeni eminingi, futhi, ihluphekile ngenxa kababa okuthe, ngokwenganyelwa ngukwenza imali, wanganaka umndeni ukuze azame ukuceba. Zingaki izingane, noma abalingani, abebengathanda impilo ephansi kunobudlelwane ubuntulileyo nobaba wakhaya na? Ezindaweni eziningi, abantu bebengakhetha ubudlelwane nobaba kunokuceba.

Kusukela Ekudaleni, uNkulunkulu wayehlele ukuba umsebenzi ube yingxenywe yokuphila (Gen. 2:15). Ingozi iba lapho senza ukusebenza kwethu umongo wempilo yethu, noma ube yindlela kuphela yokuzizuzela ingcebo. Yileliphutha elenziwa nguSolomoni. Wayefuna ukubaluleka kulemisebenzi, futhi nakuba eminingi yamlethela izinga elithile lokweneliseka, Ekugcineni Wabona ukuthi konke kwakuyize.

**Othile wake wathi: “Bangaki abantu, ekupheleni kwezimpilo zabo, abafise ukuthi ngabe babechithe isikhathi esiningi ehhovisi futhi nesincane nemindeni yabo na?”  
Yimuphi umbiko obalulekile kulesisisho na?**

**Cabanga Kabanzi:**

Kuzo zonke Izibhalo, siqwamana neqiniso lentando yomuntu. NoAdamu noEva ababengenasono (Genesis 3) babenentando yabo, futhi ngeshwa benza isinqumo esingalungile ngayo. Uma izidalwa ezingenasono, zisekupheleleni, zazikwazi ukuphatha budedengu Intando yazo, kangakanani ke izidalwa ezinjengathi, ezibishe esonweni na? Futhi kumele sikhumbule ukuthi Intando yethu iyilokho nje, ikhululekile, okuchaza ukuthi, noma ngabe ingcindezi ingakanani phezu kwethu, ngaphakathi nangaphandle, akudingekile ukuba sikhethe lokho okungalungile. Singakwazi, ngamandla kaNkulunkulu kithina, Ukwenza Izinqumo Ezilungileyo ngentando Ekhululekile uNkulunkulu asinikeze yona. Ngalokho, kusemqoka kakhulu ukuba siqikelele Izinqumo zethu, ikakhulu ekucabangeni ngendlela lezizinqumo ezingathinta ngayo imindeni yethu. Ukuzikhethela kuka-Cain ukubulala umfowabo ngeqiniso kwahlukumeza umndeni wakubo. Ukukhetha kwabafowabo bakaJosefa ukumthengisela ebugqilini balimaza impilo kababa wabo. “Wayibona, wathi: ‘Yiyo ingubo yendodana yami; isilwane esibi simdlile; yebo, uJosefa udatshuliwe nokudatshulwa.’ UJakobe wayeselebhula izingubo zakhe, wafaka indwangu yamasaka okhalweni lwakhe, walilela indodana yakhe izinsuku eziningi. Onke amadodana akhe nawo onke amadodakazi akhe asuka ukuyomduduzwa, kepha wala ukududuzwa, wathi: ‘Ngiyakwehla, ngiye endodaneni yami endaweni yabafuleyo ngilila.’ Uyise wamlilela-ke” (Gen. 37:33–35, NKJV). Kulo lonke iBhayibheli, njengasempilweni, singathola izibonelo zendlela Ukuzikhethela ngokuthanda kwamalungu omndeni, ngokulungileyo noma ngokubi, okuthinta ngayo abanye, njengezinqumo zika-Korah, Dathani, no-Abiram (Num. 16:1–32; buka futhi Dan. 6:23, 24; Gen. 18:19).

**Imibuzo Yokuxoxisana:**

- 1. Yiziphi ezinye zezinqumo ozenze ngentando yakho namuhla na? Zikutshelani ngawe kanye nobudlelwane bakho NoNkulunkulu kanye nabanye na? Ekukhetheni okwenzile, yikuphi, uma kukhona, ofisa sengathi nga kwehlukile na?**
- 2. yibaphi abalingiswa beBhayibheli abakhethe ngokungalungile, futhi yini esingayifunda emaphutheni abo na? Ukukhetha kwabo okungalungile kwayithinta kabi kanjani imindeni yabo na?**
- 3. akubuzwa: sonke sinokuzisola ngokukhetha okungalungile esikwenzile. Kungani, ngezikhathi zokuzisola, ivangeli liyizindaba Ezilungileyo na? Zithembiso zini eBhayibhelini ozibangele zona ngezikhathi zengcindezi emoyeni kanye nokuba necala ngokukhetha okungalungile na?**
- 4. Uma abantu abathile bebengeza kuwe bezokhuluma ngomshado, yisiphi iseluleko obungabanikeza sona, futhi kungani na? Yiziphi izimiso ongazikhomba Ezwini likaNkulunkulu zokubasiza kulesisinqumo esisemqoka na?**